# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *Intshumayelo ngesonto 04 esikahthini seAdvente, ngomhla ka 18. 12. 2011 04/2012*

*Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.*

1. Iculo 31/34
2. Umkhuleko: *Nkulunkulu wezithembiso, siyasondela kuwe namuhla. Baba, siyawavuma amacala ethu, siyiphulile imiyalelo yakho, sahlubuka, sewusishayile, sekwenele. Thuma manje uMoya wakho ukubopha amanxeba awophayo ezinhliziyweni zethu ngentethelelo egameni likaJesu. Khona sizoqiniswa ngezwi lakho, sigcwalise izithembiso zethu zokukukhonza ngaye uJesu Kristu, oyiNkosi noMsindisi wethu. Amen.*
3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseFilipi 4:4-7;
4. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 1:39-56.
5. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
6. Iculo 37/40
7. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
8. Iphistola ngohlelo lwesine lilotshiwe ku 2 kwabaseKorinte 2:18-22, lithi: "*Kepha njengokuba uNkulunkulu ethembekile, nezwi lethu kini alisiye uyebo kanye noqhabo. Ngokuba iNdodana kaNkulunkulu uKristu Jesu owashunyayelwa kini yithina, mina, noSilvanu, noThimothewu, wayengesiye uyebo kanye noqhabo, kepha kuyena kunguyebo. Ngokuba noma izithembiso zikaNkulunkulu ziziningi kangakanani, kuyena zinguyebo, ngakho-ke ngaye zingu-Amen futhi, kudunyiswe uNkulunkulu ngathi. Kepha osiqinisayo kanye nani kuKristu, nowasigcobayo, nguNkulunkulu owasibeka nophawu nowasipha isibambiso esinguMoya ezinhliziyweni zethu*." Amen.

   Intshumayelo: Bafowethu abathandekayo kuye uJesu Kristu, namuhla kulisonto lokugcina ukuba sigubhe usuku olukhulu uNkulunkulu onguJesu owazalwa ngalo. Futhi-ke sekusele izinsuku ezimbalwa ukuba kuphele unyaka. Yebo, ngiyavuma ukuthi iningi lethu linamanxeba okungelula ukuba aphole eliwathole kulonyaka ngenxa yodlame abantu besabulalana. Thina esisekhona simelwe ukumbonga uNkulunkulu ngokusilondoloza kwakhe, noma siyizintandane, singabafelokazi,

abafelwa, silala emahlathini, masisho sithi: Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu nokuthula emhlabeni kubantu. UNkulunkulu esimkhonzayo ungophilayo, uyakuzwa ukukhala kwethu nemikhuleko yethu. Ngakho-ke masikhuleke singaphezi.

Kulo itekisi lethu lentshumayelo yanamuhla sithola uPawulu uyalobela ibandla laseKorinte, uyalitshela ukuthi uJehova ungothembekileyo. Akaguquki, unguye namuhla nayizolo, naphakade uzohlala enguye. Ngakho lokhu sithi uJehova uthembekile kwabamkhonzayo. Lokhu siyakubona kusukela ensimini yaseEdeni lapho umuntu esewile esefanele ukufa kwaphakade uNkulunkulu egcwele umusa nesihawu. Wathembisa ngokuthi inzalo yowesifazane izokuchoboza ikhanda lenyoka. Okungukuthi uJesu Kristu uyakumnqoba uSathane. Bona-ke abakholwa nguye, bebhapathizwa egameni lakhe bayakusindiswa. Nembala wafika uJesu ezweni, washumayela ivangeli lokuthi abantu abaphenduke bakholwe, ngokuba isikhathi sesigcwalisekile. Ababemuzwa iningi labo lakholwa nguye, njengalokhu nathi sikholwa nguye. Nokho kwakukhona abaJuda ababemelene nomsebenzi kaJesu. Babengakholelwa ukuthi nguye lona uNkulunkulu owathembisa ukuthi uzakuzalwa yintombi. Ngakho lokhu uJesu bagcina ngokuba bambethele esiphambanweni. Igazi lakhe yilo elesula izono. Yingakho-ke iBhayibheli lithi: Uma sizivuma izono zethu, uthembikile,ulungile ukuba asithethelele ngenxa kaKristu.

UPawulu uyalitshela ibandla laseKorinte ukuthi loJesu amshumayelayo yena, noSilvano, noThimothewu uyiNdodana kaNkulunkulu. Ibandla maliqaphele ukuba lime eqinisweni, ngoba loJesu unguyebo. Kanjani nathi esishumayelayo, sisashumayela yena loJesu owashunyayelwa ngabaphostoli basendulo. Ngakho, bazalwane, lahlani ukungabaza, nigcwalise izethembiso uNkulunkulu owazenza nani. UNkulunkulu othembekileyo uyabiza ukwethembeka kithi ngaso sonke isikhathi. Uyafuna ukuba sime eqinisweni, ngoba phela izwi lakhe liyiqiniso. Naye uJesu uyindlela neqiniso nokuphila. Uma sibheka izibalo esinazo emabandleni ethu, sithola ukuthi sinabantu abaningi abakhona emabhukwini ebandla, kodwa uma usufuna manje ukubonana nabo, ukhulumisane nabo, kuyamangalisa ukuthola ukuthi abantu bakhonza ngapha esontweni, emakhaya bakhonza okunye. Ibandla lize lihlukane phakathi. Abanye bazibona bengcono kunabanye. Konke lokhu kulethwa ngukungabaza nokungemi eqinisweni lokwethemba iNkosi yethu enguJesu Kristu, imindeni iyabhidlika, abantu bayamhlubuka uNkulunkulu, bayakhohlwa masinyane izithembiso abazenza embhapathizweni, emqinisweni, emshadweni, ekugcotshweni, nokunye okunjalo. Ngakho lokhu uNkulunkulu akakholwa

izithembiso zami engazenzayo phambi kwebandla, kanjalo nezakho. Koze kube nini wephula lemiyalelo kaNkulunkulu, nezithembiso embhapathizweni nasemqinisweni zokuthi uyamala uSathane nezenzo zakhe nemikhuba yakhe yonke, uyanikela kuNkulunkulu uMthathwemunye; nezithembiso emshadweni zokuthi nizohlalisana ngokuthembeka, nize nihlukaniswe ngokufa, nezithembiso ekugcotshweni nasekungenisweni emsebenzini webandla zokuthi uzoshumayela ivangeli ngokuthembeka impela, nokwabela amasakramente ngokwesimiso sawo, nokufundisa ivangeli ngaphandle kokulixubanisa nokwezidukiso ezizungazungeza umhlaba namhla, ulifundise, njengalokhu lilotshiwe eBhayibhelini, njengalokhu licazwa ezivumeni zeKerike ngokobuLuthere.

Kakhulu qaphela, ungasho ukuthi uJehova ulibele. Nokho usasinika ithuba lokuba siphenduke, sibuyele kuye ngokuzithoba okukhulu, yena uzakusamukela futhi. UJesu uyafuna ukuba siphonsele kuye izinkathazo zethu. Kuyosisiza ngani ukungena ezindlini zokukhonza, sithwele imithwalo, singayethuli phambi kwakhe, kodwa sizame ukuzithalela yona, size sizithole, sesiphindela nayo emakhaya, kanti besimelwe ukuyethula kuyo iNkosi yamakhosi. Unembeza osindwayo uyambulala umuntu, uma engafuni ukusizwa. Ake sizwe izwi lanamuhla ukuthi yena usaqinisa isithembiso sakhe sokuthi uyasithethelela zonke izono zethu, uyazihlambulula ngegazi likaJesu embhapathizweni, nasesibikweni, nasesidlweni seNkosi. Leliqiniso lisamenyezelwa evangelini likaJesu Kristu. Lingamandla kaNkulunkulu okusindisa lowo nalowo okholwayo.

Ngakho-ke bandla, uNkulunkulu wasigcoba thina ngoMoya oNgcwele embhapathizweni, wasibeka uphawu lokuba sahlukaniseke kubo abangakholwayo, ukuze kuthi ngenkambo yethu engcwele engenakusoleka phambi kwabantu uNkulunkulu adunyiswe. Lomsebenzi wokusiholela kuNkulunkulu siwenzelwa nguMoya oNgcwele osibiza ngevangeli, osikhanyisayo ngezipho zakhe zamasu omusa. Singazama ngokwethu, nokho sizohluleka. Sekuyabonakala manje ukuthi umphostoli uPawulu uthanda ukuvula amehlo ebandla laseKorinte ukuba limqonde kahle uJesu Kristu onguyebo kaNkulunkulu uYise ngoMoya oNgcwele ukuba ukhona uyasebenza ezinhliziyweni zamakholwa, uyavula amehlo awo asuke ebumnyameni, aphendukele ekukhanyeni, asuke emandleni kaSathane, aphendukele kuNkulunkulu. Okungukuthi umuntu akhalele izono zakhe, amukele intethelelo ngokukholwa. Lokhu kuyisimemo nakithi namuhla ukuba simbize uMoya wenkanyiso ukuba athole indawo ezinhliziyweni zethu, ukuze ngaye sibone

amaphutha ethu, maqede sicele umusa kuNkulunkulu, sikholwe intethelelo egameni likaJesu.

Sesiyabona manje ukuthi kukhulu uNkulunkulu asihlelele khona siselapha emhlabeni kulesisikhathi esiphila kuso, njengalokhu esabela imihla yonke izwi lakhe, elisiqinisa ekukholweni ezikhathini zosizi. Masimdumise, simbabaze, ngoba unenhloso ngathi, makholwa. Uyafuna ukuba izwe lifunde kithi ukuphila okuhle, libuyisane naye. Isikhathi sentokozo sesisondele, ngokuba sibokube sikhumbula ukuthi uJesu waba yinyama, wakha phakathi kwethu, wasifundisa indlela okufanele sihambe ngayo. Ngokunjalo sizokhumbula ukuthi uNkulunkulu izithembiso zakhe uyazigcwalisa, njengalokhu uJesu ezozalwa. Makuhlunyeleliswe lolothando olukuBaba wethu ngokusithumela kwakhe iNdodana ukuba ifele izono zethu into esasingayifanele thina. Nokho ngomusa wakhe wasisindisa. Ngakho lokhu masifakaze ngaye, sinethemba elisha lokuthi uzoqhubeka ngokusinika isibambiso esinguMoya wakhe ezinhliziyweni zethu ukuvuselela loluthando olubonakala luphela emhlabeni. Udumo malube kuye njalo-njalo, asidlulisele emnyakeni omusha sihlanziwe ngegazi lakhe, siyizidalwa ezintsha, inkambo yethu isiguqukile. Amen.

Umkhuleko: *Siyalibonga, Nkosi, izwi lakho, siqinise ngalo ukuba sibekezelele konke ukuhlupheka esihlangana nakho, sihlahlamelise ngezibusiso zakho, manje kuze kube phakade, ngenxa yothando lwakho olukuKristu Jesu, iNkosi yethu. Amen.*

9. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...
10. Iculo 173/145

*Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu  Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.*

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1993/99 ngu-M. R. Lushaba.
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa:
Lutheran Heritage Foundation.